WEDNESDAY, 09 SEPTEMBER 2020
ISOLEZWE, PAGE 3




**INJABULO ibibhalwe ebusweni kubantu baseLamontville abanikwe izindlu zabo yiMeya yeTheku, uMnuz wMxolisi Kaunda**

Isithombe: MOTSHWARI MOFOKENG/AFRICAN NEWS AGENCY (ANA)

# Injabulo abasemjondolo bethola izindlu

**BONISWA MOHALE**

IZIHLATHI zivakashele izindlebe kubantu baseLamontville akade behlala emijondolo ngesikhathi iMeya yeTheku, uMnuz Mxolisi Kaunda, ithula uhlelo lwezindlu lukaR1 billion.

UKaunda uthe imindeni isizohlala ezindlini ezisesimeni esikahle emuva kokuhlala emijondolo.

Uthe sezizonke izindlu eKuthuleni, eLamontville, zizoba wu-400.

"Ziwu-180 izindlu esesizakhile lana eKuthuleni, sesizonke zizoba wu-400. Izindlu zizobuyisa isithunzi sabantu bakithi, kubuye ithemba. Kukhona abasuswe kule ndawo bayiswa eQueensburgh bakhelwa izindlu eziwu-400. Bazothola ubunikazi bezindlu, bathole amanzi, ugesi nakho konke okuzoqinisekisa ukuthi bahlala endaweni esesimeni esikahle," kusho uKaunda.

Uthe uma izindlu seziphelile uMasipala weTheku wenza isiqiniseko sokuthi ziya kubantu abafanele ngokubanika okhiye namatayitela ezandleni ukuze kungabi bikho abangena ngodli ezindlini zabanye.

Kwezinye izinhlelo zezindlu kuke kwaba nabazibiza ngamasosha oMkhonto weSizwe akade bengena ngodli ezindlini ezisanda kwakhiwa obekulindwe ukuthi zidluliselwe kubanikazi bazo.

Kule minyaka edlule uKaunda uthe sebakhe izindlu ezingaphezu kuka-12 000 kanti eminyakeni ezayo bazokwakha izindlu eziphakathi kuka-170 000 kuya ku-270 000 ezinayo yonke ingqalasizinda edingekayo.

Ngesikhathi uKaunda ekhuluma nabezindaba abantu baseLamontville bebejabule bezwakala bekikiza abanye bethi basuka emijondolo bangena ezindlini ezinhle.

## Praise and Ululating fill the streets of eKuthuleni, Lamontville

EThekwini Municipality Mayor, Mr. Mxolisi Kaunda has once again put smiles on the faces of the residents of eKuthuleni in Lamontville as he launched a R1 billion Housing Programme yesterday. "This programme is aimed at restoring the dignity of our people and strengthening their faith", the Mayor said. The programme has completed 180 units to date out of 400 units.

Mr. Kaunda later shared that the residents of eKuthuleni will not only be receiving houses however they will also be receiving home ownership (title deeds), water supply, electricity and other essentials needed for households. He also mentioned that to ensure that there is fair allocation of houses, the municipality will be handing over the keys and title deed to the beneficiary personally as previously there has been unauthorized entry to houses.

The municipality has built over 12 000 houses in previous years and aims to build an estimated 170 000 to 270 000 which will have all the essentials needed. The residents of eKuthuleni were ululating, dancing and praising the municipality saying, "we have moved from informal settlements into beautiful houses".